

#RSABUDGET2023

Ushicilelo oluhlanganyelwe phakathi koMgcinimafa
KaZwelonke kanye Nophiko Lwezentela LwaseNingizimu Afrika

#RSA Budget | #RSABudget2023

SIYINI
ISABELO-MALI?

SIHLANGA-
NISWA
KANJANI
ISABELO-MALI?

NgoNhlolanja minyaka yonke, uNgqongqoshe wezeziMali wethula isabelomali sikazwelonke, lapho ememezela khona ukusetshenziswa kwezimali kukahulumeni, intela kanye nezinhlelo zokuboleka zeminyaka emithathu ezayo. Isabelomali sikazwelonke sicaza imali phakathi kweminyango kazwelonke, izifundazwe kanye nomasipala.

1. Ukushicilelwa kwemihlahlandlela okumele iminyango kaHulumeni iyilandele ekudidileleni isabelo mali
2. Iminyango kaHulumeni ibeka uhlu lwezidingo zawo ngokubaluleka kwazo bese ididiyela izinhlelo zokutshenzisa kwemali kanye nezethembiso zokulethwa kwezinsiza zomphakathi
3. Iziphakamiso zesabelomali zihanjiswa kuMgcinimafa Kazwelonke bese ziyadingidwa
4. Iziphakamiso zokwabiwa zicutshungulwa amakomidi abaQondisi-Jikelele beminyango kaHulumeni
5. Izincomo zesabelomali zenziwa eKomidini Longqongqoshe
6. Isitatimende Senqubomgomo Yesabelomali saphakathi nonyaka izinkomba ngokuzokwenzeka kusabelo mali esilandelayo
7. Okokugcina, izabelo zinqunywa uMkhandlu omkhulu kahulumeni
8. Imibhalo yesabelomali iyilungiswa
9. Kwethulwa Isabelomali Esiyinhloko
10. IPhalamende lidingida futhi lamukele Isabelomali
11. Ithunyelwa kuMongameli ukuthi ayicike ukuze ibe ngumthetho



MNU. ENOCH GODONGWANA – UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI

IZINDLELA NAMACEBO ZOKUKHULISWA KOMNOTHO ONGAZINZILE

Amazwe emhlabeni wonke jikelele abhekene nengwadla yomnotho ontulayo nontekenteke kanye nokwehla kwamandla emali. Ukukhula komnotho wase-Ningizimu Afrika kulindeleke ukuthi kungasimami njengobekulindelekile ngenxa yobuntekenteke nokunqamuka kwamandla kagesi, nokungenzi kahle kwamazwe aziwa ngokuba neminotho emikhulu nesimeme kanye nengwadla yokwehla kwamandla emali.

Ukwenza kangcono kwamanani ezimbiwa phansi eziyigugu nebelukade luwumgogodla wokukhula komnotho nasekuqoqweni kwemali yentela eminyakeni emibili edlule selufike emaphethelweni. Kunengcindezi enkulu ezakhamizini njengoba izindleko zokuphila zikhuphuka. Ngenxa yalokhu, ukuqoqwa kwentela kulindeleke ukuthi kungabi kuhle kakhulu futhi izindleko zikahulumeni zidinga ukuphathwa ngokucophelela ngalesikhathi izinyathelo zokwenza ngcono ukukhula komnotho zid-

londlobala. Amagxathu kaHulumeni okubhekana nalezi zimo ukushicilelwa kwezinqubomgomo ezizinzile nezibheka nxa-zonke kanye nezinyathelo zokubhekana nobungozi bezezimali obufufusayo. Isabelomali sonyaka wezi-2023 sinciphisa ukushoda kwesabelomali esihlanganisiwe sibe sezingeni eliphansi kakhulu kusukela ngo-2017/18, futhi sivikela izimali zomphakathi. Lezinyathelo zibekelwe ukulwisana nokuvikela izwe lethu kuzinselelo ezibandakanya ezomnotho nezokuphathwa kwezimali kuphinde kuhehwe abatshalibezimali. Ngoyaka wezi-2021, umnotho wakuleli wakhula ngamaphesenti angu 4.9. Isilinganiso sokukhula komnotho sonyaka wezi-2022 sibuyekwezwe sakhuphukele kumaphesenti ama-2.5 sisuka kwiphesenti eli-1.9 ngesikhathi seSitatimende Senqubomgomo Yesabelomali Sesikhathi Esimaphakathi sonyaka wezi-2022 (i-MTBPS). Kodwa-ke, isilinganiso sonyaka wezi-2023 sibuyekwezwe saphansi ngephesenti eli-0.9, uma siqhathaniswa nephesenti eli-1.4 ngesikhathi se-MTBPS sonyaka wezi-2022. Ukukhula komnotho kulindeleke ukuthi

kubuyele kwiphesenti eli-1.8 ngonyaka wezi-2025. La mazinga okukhula komnotho angaphansi kakhulu kwalokho okudingekayo ukuze kudaleke amathuba emisebenzi futhi kuqedwe nobuphufu.

Kulesi simo, uhulumeni uhlose ukukhulisa umnotho ngokusebenzisa izinsika ezintathu. Eyokuqala iqinisekisa uhlaka lwezomnotho omkhulu olucacile noluzinzile, eyesibili ukuqalisa izinguquko emikhakheni ebalulekile yezomnotho, ikakhulukazi ezamandla nezokuthutha, kanti insika yesithathu isekela ukuthuthukisa ukusebenza kwezinhlaka zombuso.

Nyakenye, imithetho eqinile yokuphepha ugesi iye yaxegiswa, okunikeze imikhando yoluhulumeni basemakhaya nezimboni inkululeko ethe xaxa yokukhiqiza ugesi nokusebenzisa izixazululo zikagesi ezingathathi kagesi ophehlwa kwa-Eskom. Eminyakeni emithathu ezayo uHulumeni uzohlinzeka ngo 254 wezigidigidi zamarandi ukuze kuncediswe Eskom ekukhokheni izikweletu abahkekene nazo ukuze kulwisane nengcindezi yezimali ababhekene nayo, lokhu kuzophinde

kuxhase izinhlelo zokubakhona kwemali ebekelwe ukugcinwa kwenqalasisinda isesimemi kanye nokuguqukela kagesi ophehlwa ngokushisa kwelanga nomoya.

Kule minyaka emithathu ezayo, uhulumeni uzosebenzisa izigidintathu zama-randi ezingama-R7.08, ikakhulukazi ezinyathelweni zokukhulisa umnotho isikhathi eside kanye nokuvikela abampofu nabantekenteke ngenxa yokukhula komnotho okuntengayo. Ngaphandle kokuqhutshwa ngonyaka owodwa kwesibonelelo sikahulumeni soxhaso loKhuvethe (COVID-19), izabelo ezengeziwe zibeka phambili imfundo, ukuphepha nokuvikeleka kanye nokusetshenziswa kwemali okuhlobene nengqalasisinda.

Lesi sabelomali sibheka isimo somnotho emhlabeni jikelele nakulelizwe lakithi esingalingani ngokuveza izinqubomgomo ezicacile zokuthuthukisa ukukhula komnotho, ukubhekana nokukhuphuka kwezindleko zokuphila kanye nokubhekana nokunqamuka kakhulu kwamandla kagesi.



AMAGXATHU AZOHOLELA EKUDLONDLOBALENI KOMNOTHO

Ukukhula komnotho kwehlile kule minyaka eyishumi edlule ngenxa yezingqinamba zezomnotho. Lokhu kubandakanya ukuqhubeka kokuphazamiseka kokuphakelwa kukagesi njengoba kwanda ukucinywa kukagesi okungahleliwe kusukela ngonyaka odlule, nokunciphisa ugesi okumele usimamise umnotho wonke.

Ukuze kuvuleke ukukhula komnotho kakhulu, uhulumeni uhlose ukuqalisa izinguquko ezibalulekile kw-ezomnotho, ikakhulukazi emkhakheni

kagesi. Izinguquko okuhloswe ngazo ukuzinzisa ukuphakelwa kukagesi ziqinisa ukungenelela okusha okubhekwe yiKomidi Likazwelonke Lezinkinga zagesi. Esikhathini esifishane, ikomidi lihlose ukunciphisa ubunzima kanye nemvamisa yokucinywa kukagesi ngokubhekana nezinsalelo ezibalulekile eziteshini zikagesi, ukwehlisa umthwalo wokuphehlwa kukagesi kanye nokubeka endaweni eyodwa inqubo yokulawula nokugunyazwa kwemiklamo emisha kagesi. U-Eskom uphinde wenza izivumelwano

nezinkampani ezizimele ezikhiqiza ugesi ongama-megawathi ayizi-2 000 ongeziwe. Ngokuhamba kwesikhathi, inhloso ukwenza isilinganiso phakathi kokuba khona kuka gesi, ukusebenza kahle kanye nezindleko. Ukuguqulwa komkhakha kagesi kuzoqinisekisa ukusimama kwe-Eskom kanye nokugquzela ukuncintisana ezimakethe ukuze kuqinisekise ukuthi umthamo owengeziwe wengezwa ezingolobobaneni zikagesi wakwa-Eskom, nokwandisa ukutholakala kukagesi.

UKUKHA PHEZULU ESABELWENI-ZIMALI SONYAKA WEZI-2023

1. Intel isengumthombo omkhulu wemali kahulumeni, kulandele imalimboleko.
2. Amaholo omphakathi, ahlanganisa ukuthuthukiswa komphakathi, izinhlelo zokuqashwa, ezempilo, imfundo kanye nentuthuko yezehlalakahle zindawo ezinkulu zikahulumeni asebenzisa kuyo imali.
3. Izibonelelo zikahulumeni zizokwenyuka ngokuhambisana nokwehla kwamandla emali. Isibonelelo sika-R350 sizoqhubeka kuze kube umhla zingama-31 kuNdasawazi-2024.
4. Nakuba isilinganiso sokukhula singaphansi kwephesenti eli-0.9, uhulumeni uzibophezele ekuthuthukiseni umnotho nezenhlalakahle.
5. Uhulumeni uzohlizeka ngo 254 wezigidigidi zamarandi ukuze kuncediswe Eskom ekukhokheni izikweletu abhekane nazo, lokhu kuyingxenye yezinguquko ezibanzi emkhakheni wezomnotho kagesi.
6. Izinkokhelo zenzalo ziyaqhubeka nokukhula, ziminyanisa ukusetshenziswa kwemali ezinsizeni ezibalulekile zikahulumeni njengezempilo kanye nemfundo eyisisekelo.

BONA IKHASI ELILANDELAYO →

UKUSETSHENZISWA KWEMALI KWINGQALASIZINDA OKUZOHOLELA EKUTSHALWENI KWEZIMALI NASEKUKHULENI KOMNOTHO

Uhlelo lokuvuselela umnotho olwamenezelwa ngoMfumu wonyaka wezi-2020 luxhumanisa ukutshalwa kwezimali kwingqalasizinda kanye nezinguquko ezihlobene nezikhungo ukuze kusekelwe ukukhula komnotho okukhulu.

Uhulumeni usezinhlelweni zokushicilela izinguquko eziningana ukuze aqinise ukuphathwa ngendlela kwengqalasizinda yomphakathi. Okuningi kwalokhu kubandakanya ukhlanganisa izinsiza nezinkampani ezizimele ezinhlelweni zezimali ezihlanganisiwe ukuze kuxhaswe futhi kuqaliswe imiklamo yengqalasizinda ngempumelelo.

Ukuze kukhuliswe umnotho futhi kuncishiswe ukuntuleka kwemisebenzi



kanye nobumpofu, isamba semali, esafinyelela kumaphesenti ayi-13.1 e-GDP ngonyaka wezi-2021, sidinga ukwandiswa kakhulu. Kule minyaka eyishumi edlule, ukukhula okubuthakathaka komnotho, ukwanda kwezincindezi zokusetshenziswa kwemali kanye nokwesekwa ngemali okuhlizekwa izinkampani zikahulumeni kuye kwanciphisa amandla kahulumeni okutshala kwingqalasizinda entsha. Ukutshalwa kwezimali yizinkampani ezizimele nakho kwehlile ngenxa yezizathu eziningi. Ngenxa yalokho, ukutshalwa kwezimali jikelele kwingqalasizinda kwehlile.

Ukusetshenziswa kwemali yengqalasizinda yomphakathi kule minyaka emithathu ezayo kulinganiselwa ezigidigidi ezingama-R903. Izinkampani zikahulumeni zisalokhu zifaka isandla esikhulu ekutshalweni kwezimali kwingqalasizinda

yomphakathi, zisebenzisa izigidigidi ezilinganiselwa kuma-R302.1 kule minyaka emithathu ezayo. Izifundazwe kanye nemikhandlu kahulumeni wasemakhaya kulindlekele ukuthi basebenzise izigidigidi zamarandi angama-R209.8 kwingqalasizinda, ngokulandelana, esikhathini esifanayo ne R190.3 izigidigidi zamarandi ngesikhathi esifanayo.



Izindlu zomphakathi ezakhiwe ngoxhaso lwentuthuko yezokuhlaliswa kwabantu ezifundazweni kulindlekele ukuthi zibe nesamba esingu-R45.9 izigidigidi zamarandi kule minyaka emithathu ezayo. Nakuba lezi zindlu zidluliselwa kubanikazi bazo, lokhu kusetshenziswa kwemali kuwumnikelo omkhulu kahulumeni kwingqalasizinda yezokwakha. Ukuchithwa kwezimali kwingqalasizinda yezomnotho, ikakhulukazi izinkampani zikahulumeni, kubalelwa kumaphesenti angama-78.3 wesilinganiso sesikhathi esimaphakathi. Lezi zimali zisetshenziselwa ukwandisa amandla okukhiqiza ugesi, ukuthuthukisa nokwandisa ubuxhakaxhaka bezokuthutha, kanye nokwenza ngcono ukuthuthwa kwendle namanzi. Inggqalasizinda yezinsizakalo zezehlalakahle ibalelwa kumaphesenti angu-17.6 yenani eliphelele, lapho ezempilo nezemfundo zibalelwa ku-5 ekhulwini kanye namaphesenti angama-7, ngokulandelana.

UKWAKHIWA KWEMISEBENZI


Uhlelo lokuqashwa kwabantu lukamongameli ludale amathuba emisebenzi yesikhashana engaphezu kwesigidi kule minyaka emibili edlule. Iqoqo elilandelayo lentsha eliyizi-255 000 lizongena ezikhundleni njengabasizi bezikole ezikoleni ezingaphezu kwezi-22 000 kusukela mhla lu-1 kuNhlolanja wezi-2023. Isikhwama Sokuqashwa Komphakathi njengamanje siqashe ababambiqhaza abangama-47 408 ngokubambisana nozakwethu abangama-26, iyi 50 000 imisebenzi ezokongezwa. Njengengxenye yalolu hlelo, bangaphezu kwama-45 000 ababambiqhaza asebebhalelise ukufakwa ohlwini lwezinsiza zentsha.



1 IMITHOMBO YEMALI KAHULUMENI KULONYAKA WEZI-2023/24?



2 UKUSETSHENZISWA KWEMALI NGUHULUMENI KU-2023/24




3 IZIBONELELO ZIKAHULUMENI

	2022/23	2023/24
Isibonelelo sikaHulumeni sabadala	R1 985	R2 085
Isibonelelo sikaHulumeni sabadala abangaphezu kweminyaka engama - 75	R2 005	R2 105
Isibonelelo somakade bebona bezempi	R2 005	R2 105
Isibonelelo sabakhubazekile	R1 985	R2 085
Isibonelelo sezingane ezingenabazali	R1 070	R1 125
Isibonelelo sabadinga unakekelo	R1 985	R2 085
Imali yesibonelelo sezingane	R480	R505
ISIBONELELO-NGOKUSIZA	R480	R505



19.6 million abantu abazohlomula ngesibonelelo sikaHulumeni ngenyanga ka uNdasa wezi- 2026



R36 billion

Ubekwe eceleni ukusiza abahlukunyezwe ubhubhane loKhuvethe ngamakhulu amathathu namashumi amahlanu (R350) ngenyanga

Isabelomali sizokwenyusa amanani ezibonelelo ezingungunaphakade ngokuhambisana nokwehla kwamandla emali.

4 ISABELOMALI SESEKELA UKUKHULA KOMNOTHO NOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI



0.9 per cent

Ukukhula kwangempela kwe-GDP okulindelekile ngonyaka wezi-2023 kubalelwa ngaphansi kwephesenti -0.9, ngaphambi kokuba kuthuthuke kukhule ngamaphesenti angaphezulu kwe-1.8 ngonyaka wezi-2025



R3.60 trillion

zabelwe ukuthuthukisa umphakathi, izinhlelo zokuqashwa, ezempilo, ezemfundo nokuvikelwa kwenhlalakahle yomphakathi eminyakeni emi-3 ezayo



R809.4 billion

zabelwe ukusekela ukuhlinzekwa nokufinyelela ngokulinganayo ezinsizeni zokunakekelwa kwezempilo kule minyaka emi-3 ezayo



R825.8 billion

zabelwe izidingongqangi, izindlu kanye nokuthuthwa komphakathi, kanye noguquko lwezindawo zokuhlala kanye nokuthuthukiswa kwezindawo zasesilungwini eminyakeni emi-3 ezayo



R2.8 billion

zabiwe njengengxenywe yokuthuthukisa osomabhezini basemalokishini nabasendaweni zasemakhaya ukuze ifukule amabhezini asemalokishini nasezindaweni zasemakhaya abayizi-120 000

5 UHLELO LOKUSIZA ESKOM NGEZIKWELETU ABHEKENE NAZO




R254 billion

Uhlelo lokuhlenga izikweletu luka-Eskom luzosuswa ku-Eskom luyiswe ezincwadini-mali zikaHulumeni ukuze kwehliswe ingcindezi yezezimali kumhlinzeki kagesi.

6 IZINKOKHELO ZIKAHULUMENI EZINGENANZALO KANYE NEZINENZALO NJENGESABENI SEZINDLEKO ZONKE

■ Ukusetshenziswa kwemali okunenzalo
■ Ukusetshenziswa kwemali okungenanzalo*



* Izindleko ezingezonayo inzalo ziyisamba esisetshenziswa uHulumeni ngaphandle kwenzalo ekhokha esikweletini

2023 IZIPHAKAMISO ZENTELE



INTELA EKHOKHWA ABASEBENZAYO

ZIKUTHINTA KANJANI IZINGUQUKO ZENTELE YOMUNTU NGAYEDWA?

Isabelomali sonyaka wezi-2023 sihlizeka ngokungabi nantela ngokumemezela ukulungiswa kwentela-bakaki yemali engenayo yomuntu siqu kanye nezaphulelo ezihambisana nezinga lokwehla kwamandla emali elilindelekile lamaphesenti ama-4.9. Inani umuntu lomholo ngaphambi kokuba kudingeke ukuthi akhokhe intela yonyaka wentela kusukela mhla lu-1 kuNdasa wezi-2023 kuya zingama-29 kuNhlolanja wonyaka wezi-2024 lilelwe ngale ndlela elandelayo:

IMIKHAWULO YENTELE	UNYAKA WENTELE KA 2022/23	UNYAKA WENTELE KA 2023/24
Abangaphansi kweminyaka engama-65	R91 250	R95 750
Abaphakathi kweminyaka ewu 65 - 74	R141 250	R148 217
Abadala abangaphezu kuka- 75	R157 900	R165 689

Le mikhawulo iwumphumela wezaphulelo zentela ezintsha:

IZAPHULELO ZENTELE	UNYAKA WENTELE KA 2022/23	UNYAKA WENTELE KA 2023/24
Abakuqala (bonke abantu)	R16 425	R17 235
Abano 65 nangaphezulu	R9 000	R9 444
Abano 75 nangaphezulu	R2 997	R3 145

IZINTELA ZABATHENGA OKUNGAKHUTHAZWA

UKWANDA KWENTELE YOTSHWALA KANYE NOGWAYI

Izindleko eziqondile zotshwala nemikhiqizo kagwayi zizokwenyuka ngamaphesenti ama-4.9

	KUZOKHULA KANJE:
Utshwala wamabele	10c ngekani eliwu 340ml
Iwayini elingahluziwe	18c ngebhodlela eliwu 750ml
Iwayini elihluziwe	31c ngebhodlela eliwu 750ml
Iwayini elihlohlozayo	9c ngebhodlela eliwu 750ml
Ama-Cider neziphuzo zezithelo ezinotshwala	10c ngekani eliwu 340ml
Ugologo	R 3.90 ngebhodlela eliwu 750ml
Intethe	98c iphakethe lezintethe ezinga shumi amabili
Izinti zomkhiqizo kagwayi oshisiweyo	73c iphakethe lezinti ezingama shumi amabili zogwayi oshisiwe
Intethe enogwayi	R 1.10 ngesikhuxwana esiwu 50g
Uqwayi obhenywa ngombobho	33c ngesikhuxwana esiwu 25g
Intethe enkulu	R 5.47 ngesikhuxwana esiwu 23g

IZILINGANISO ZENTELE

INTELA ENGENAYO: IZINZUZO ZEMALI ZESIKHWAMA SOMHLALAPHANSI

Ithebula lezilinganiso elisebenza kusukela mhla lu-1 kuNdasa wezi-2023 limi kanje:

Imali ezokhokhelwa intela (R)	Isigaba sentela (R)
R0 - R550 000	0% wemali ezokhokhelwa intela
R550 001 - R770 000	18% wemali ezokhokhelwa intela engaphuzu kuka R550 000
R770 001 - R1 155 000	R39 600 + 27% wemali ezokhokhelwa intela engaphuzu kuka R770 000
R1 155 001 and above	R143 550 + 36% wemali ezokhokhelwa intela engaphuzu kuka R1 155 000

Source: National Treasury

INTELA ENGENAYO: ISAMBA SEMALI EYISIKHWAMA SOMHLALAPHANSI EZINZUZWENI ZOKUHOXA

Ithebula lezilinganiso elisebenza kusukela mhla lu-1 kuNdasa wezi-2023 limi kanje:

Imali ezokhokhelwa intela (R)	Isigaba sentela (R)
R0 - R27 500	0% wemali ezokhokhelwa intela
R27 501 - R726 000	18% wemali ezokhokhelwa intela engaphuzu kuka R27 500
R726 001 - R1 089 000	R125 730 + 27% wemali ezokhokhelwa intela engaphuzu kuka R726 000
R1 089 001 and above	R223 740 + 36% wemali ezokhokhelwa intela engaphuzu kuka R1 089 000

Source: National Treasury

INTELA YOKUDLULISA IMPAHLA

Ithebula lentela lesilinganiso lizoqala ukusebenza kusukela mhla lu-1 kuNdasa wezi-2023. Imali yokuqala eyisi-R1.1 million yenani lempahla etholiwe ayikhokhiswa intela yokudlulisa impahla. Ithebula lezilinganiso ezintsha limi kanje:

Imali ezokhokhelwa intela (R)	Isigaba sentela (R)
R0 - R1 100 000	0% Intengo yeSakhiwo
R1 100 001 - R1 512 500	3% intengo yesakhiwo engaphezu R1 100 000
R1 512 501 - R2 117 500	R12 375 + 6% intengo yesakhiwo engaphezu R1 512 500
R2 117 501 - R2 722 500	R48 675 + 8% intengo yesakhiwo engaphezu R2 117 500
R2 722 501 - R12 100 000	R97 075 + 11% intengo yesakhiwo engaphezu R2 722 500
R12 100 001 and above	R1 128 600 + 13% intengo yesakhiwo engaphezu R12 100 000

Source: National Treasury

Scan this QR code for the PDF version of this People's Guide to the Budget



UMBONO WAKHO UBALULEKILE

INGABE ULUTHOLILE USIZO KULOMHLAHLANDLELELA WABANTU NGESABELO-MALI?

Sihlala sifuna izindlela ezintsha zokuthuthukisa lo Mhlahlandlela futhi singazijabulela nazo uma ungathumela **impendulo neziphakamiso zakho ku-Media@treasury.gov.za**